

Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek





basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

UMHLAHLANDELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayisi-9.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

- 1.1 Abantu abayi ngangxanye bengemanzi. ✓ (1)
- 1.2
- Kungamele uzivocavoce. ✓
 - Ukudla ukudla okunempilo. ✓
 - Ukugqoka izingubo ezifanela umzimba wakho. ✓
- [Okubili kwalokhu] (2)
- 1.3 Lezi zigaba zikhuluma ngezinto ezingefani, ukuzithanda nokungazithandi. ✓
Isigaba sesi-3 sikhuluma ngabantu abasebenzisa amazwi amabi, ukuhleba noma abathuka inhlamba ✓ kanti isigaba sesi-4 sikhuluma ngezinsizwa ezisebenzisa ulimi olukhethekile nolunobugagu uma zeshela izintombi. ✓ (3)
- 1.4 Abantu abathandanayo bangakhulumisana kahle, baphathane kahle futhi bangazikhulumi izindaba zabo kwabanye abantu ukukhombisa ukuzithanda. ✓✓ (2)
- 1.5 C/idlabha. ✓ (1)
- 1.6 Umbhali uhlose ukweluleka ngezinto ezinhle ezidalwa ukuzithanda. Uthi umuntu ozithandayo uqala ngaye uqobo kepha ohlulekayo ukuzinakekela wenza izinto ezimbi kwabanye abantu njengokuthi abathuke. Uxwayisa nangokusebenzisa amagama ayinhlamba ukuthi akufanele. Ubuye aluleke abantu ngokuthi ukuzicwala ube muhle akuyona yodwa indlela okhombisa ngayo ukuthi uyazithanda. ✓✓✓ (3)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)
- 1.7 Umuntu oyisoka angabonakala uma eshela intombi asebenzise ulimi olukhethekile aphinde akhulumisane kahle nalowo ameshelayo. ✓✓ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)
- 1.8 Bangakwenza ukuthi ugcine usuzibandakanya ezenzweni zobugebengu ezingagcina zikufake ejele/Ungagcina usuyeke nesikole ungahloniphi nabazali. ✓✓ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)
- 1.9 Umbhali uqonde ukuthi umuntu othanda ukuzihlalela yedwa usuke ekhombisa ukuzithanda ngoba efuna ukwenza izinto azithandayo kungekho omphazamisayo. ✓✓ (2)
- 1.10 Umbhali uyiphethe kahle indaba yakhe ngoba lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuveza ukuthi kubalulekile ukuthi abantu bahloniphane kungakhathalekile ukuthi amazinga abo ngokokukhula noma ngokokuphumelela, anjani. ✓✓ (2)

UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.11 Okwenzeka esithombeni soku-1 kunomuntu wesilisa ogqoke kahle, ugaxe ingubo/isikhafu, abanye ababuqamama bayaqhubeka nokuzihambela. ✓✓ (2)
- 1.12 Esithombeni sesi-2 owesifazane ugqoke kahle, uphuza itiye, uphethe isoso ukuze angazitheli ngoba ezithanda ✓ kanti esithombeni sesi-3 owesilisa obukeka engagqokile kahle nangokuphelele uyasizwa ngokuphuziswa amanzi. ✓ (2)
- 1.13 Yomibili le mibhalo iyefana ngoba ikhuluma ngokusiza umphakathi. Embhalweni A kunengxenywe ekhuluma ngabangani abenza izinto ezinhle njengokusiza emphakathini. ✓✓ Embhalweni B kunowesifazane onikeza owesilisa ohlezi phansi odinga usizo oluthile. ✓✓ (4)
- 1.14 Samukelekile isenzo esenziwa yilona wesifazane ngoba ukhombisa ukuba nothando ngoba usiza lo muntu wesilisa okubonakala edinga usizo kulesi sithombe sesi-4 futhi kungenye yendlela ekhombisa ukuzithanda nokungafuni ukubona abanye abantu behlupheka. ✓✓

NOMA

Asamukelekile isenzo esenziwa owesifazane esithombeni sesi-4 ngoba ukusiza abantu ohlangana nabo emigwaqeni ongazi ukuthi kungani belapho. Kungagqugquzela ukuba abantu babe yizinxibi, bangafuni ukuba basebenzise izikhwepha zabo. ✓✓

(2)
[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	Ungazilungiselela ngokuthi ufake isola endlini ezosebenza uma kuhamba ugesi.	1	Zithengele isola ekhaya lakho ezosebenza uma kucisha ugesi.
2	Kungaba kuhle ukuthi ube nesitofu esisebenzisa igesi.	2	Kungakusiza ukuthi uzitholele isitofu esisebenzisa igesi kuphela.
3	Ungasebenzisa izigubhu zeziphuzo ezibandayo nezejusi ezingena lutho uzifake amanzi bese uzifaka esiqandisini esinamandla ukuze zibe ngamaqhwa .	3	Faka amanzi ezigujini eziningi ukuze ube namaqhwa okugcina ukudla kwakho kuvikelekile ekuboleni futhi kusesimeni esifanele.
4	Thola amathoshi namalambu asebenzisa amabhethri ukukhanyisa umuzi wakho.	4	Thenga izibani ezahlukeni ezisebenza ngamabhethri ukuze ikhaya lakho lihlale likhanya.
5	Yenza imizamo yokuthi uthole amajeneretha azosebenza uma kuhambe ugesi.	5	Yiba nejeneretha ezokwelekelela uma kwenzeka kuhamba ugesi ungalindele.
6	Abanye abantu nosomabhizinisi abanezimoto abahlukani namashaja omakhalekhukhwini ezimotweni.	6	Qinisekisa ukuthi emotweni ohamba ngayo kuhlala kukhona okukwelekelela ngokuthi umakhalekhukhwini wakho ungaphelelwa amandla okungawenza ugcine usucishile.
7	Ngokwenkampani i- <i>Eskom Energy calculator</i> kufanele uthenge izinto ezingawudli ugesi.	7	U-Eskom weluleka ngokuthengwa kwezinto ezingawusebenzisi kakhulu ugesi.

Zithengele isola ekhaya lakho ezosebenza uma kucisha ugesi. Kungakusiza ukuthi uzitholele isitofu esisebenzisa igesi kuphela. Faka amanzi ezigujini eziningi ukuze ube namaqhwa okugcina ukudla kwakho kuvikelekile ekuboleni kusesimeni esifanele. Thenga izibani ezahlukeni ezisebenza ngamabhethri ukuze ikhaya lakho lihlale likhanya. Yiba nejeneretha ezokwelekelela uma kwenzeka kuhamba ugesi ungalindele. Qinisekisa ukuthi emotweni ohamba ngayo kuhlala kukhona okukwelekelela ngokuthi umakhalekhukhwini wakho ungaphelelwa amandla okungawenza ugcine usucishile. U-Eskom weluleka ngokuthengwa kwezinto ezingawusebenzisi kakhulu ugesi.

[Inani lamagama: 70]

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo kweyame ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - Amamaki ama-3 awolimi.
 - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**
 - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
 - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho ege ngawo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
 - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
 - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha kwizakhiwo zolimi okubuzwe ngalo.
 - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
Isib: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

- 3.1 Hlala ubanda qa umzimba wonke. ✓ (1)
- 3.2 U-ice cream✓, ama-milkshake✓ nepudding. ✓
[Okubili kwalokhu] (2)
- 3.3 Kusetshenziswe ifonti enkulu ukuheha abathengi abathanda ukudla imikhiqizo yobisi ekhangiswayo.✓ Kwasetshenziswe ifonti ephakathi nendawo ukunikeza imininingwane yekheli nenombolo yocingo ongayisebenzisa ukuthola khona le mikhiqizo.✓ Kubuye kwasetshenziswa ifonti encane ukwenzela ukufihla izithako ezisetshenzisiwe kulabo abangaqhudelana naye kulolu hlobo lwemikhiqizo ingozi engenzeka uma udla kakhulu u-ice cream/ ukufihla okwenziwa u-ice cream emzimbeni uma uwudla kakhulu. ✓ (3)
- 3.4 Sisetshenziselwe ukugqamisa indlela enambitheka ngayo/emnandi ngayo le mikhiqizo yobisi ekhangiswayo.✓✓ (2)
- 3.5 Kusetshenziswe isithombe sesithelo sama-strawberry ukugqamisa ukuthi lo mkhiqizo ka-ice cream okhangiswayo wenziwe ngama-strawberry. ✓✓ (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA KWEKHATHUNI

- 4.1 Igama u- 'cwaka' lisetshenziselwe ukucacisa/ukukhanyisa indlela okwakuthule ngayo.✓ (1)
- 4.2 Efreyimini yesi-2 ikhombisa umuzwa wokwethuka/wokumangala✓ ngenxa yomsindo ewuzwa ngaphandle kanti efreyimini yesi-7 ikhombisa umuzwa wokujabula nowokudangala nokujabha ngenkathi isinikeza uMhleli izithombe ngoba ibicabanga ukuthi isizothola imali. ✓ (2)
- 4.3 Umdwebi uhlose ukusifundisa/ukusikhombisa/ukusiqaphelisa ukuthi esikhathini samanje abantu abasenabo ubuntu.✓ Intombazane ithwebula izithombe ngenhloso yokuzenzela imali kunokuthi ishayele abezimo eziphuthumayo ukuze bazonikeza usizo. ✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 4.4 B/Ukulandelana kwezehlakalo. ✓ (1)
- 4.5 Ngicabanga ukuthi la mazwi akhulunywa uNana asefreyimini yesi-6 aveza ukuthi kwesinye isikhathi abacosheli bezindaba abazitholeli ulwazi kodwa kunamalunga omphakathi abasizayo ngalokho okusuke kwenzeka emphakathini.✓✓ (2)
- 4.6 Umdwebi wale khathuni uphumelele kahle ukwedlulisa uteku ngoba uNana ubethi uthatha izithombe zomlilo ovuthayo ngenhloso yokuzenzela imali kodwa wenza iphutha wabhekisa ikhamera ebusweni bakhe.✓ Ngakho-ke umdwebi uxwayisa abantu ukuthi uma bethwebula izithombe ngenhloso yokuzenzela imali bengahlosile ukusiza bangazithola sebefana noNana okule khathuni.✓ (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Umubi ✓
Umubi we muntu othanda izindaba. ✓
(Neminye imisho enembayo iyokwamukeleka) (2)
- 5.2 Yingakho-ke ✓ (1)
- 5.3 Umzimba uzoluleka/uyoluleka uthi thwi kamnandi. ✓ (1)
- 5.4 B/indlela esabizo ✓ (1)
- 5.5 Sizetshenziselwe ukugqugquzela ukuba abantu bakhuthale bangaphiki nobuthongo ngoba bethi bumnandi/ ukuxwayisa ukuthi uma ulibele ubuthongo ngeke uphumelele empilweni. ✓ (1)
- 5.6 Mina ngifuna lelo bhayisikili. ✓✓
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)
- 5.7
- Esibi esingeke savinjwa muntu. (umushwana okhonzile ochazayo.) ✓
 - Lapho umuntu eyolala umphumulela wafuthi.
(umushwana okhonzile okhanyisayo.) ✓
- (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70